

Sedibeng District Municipality



ISAZISO: UKUMISWA KWENHLANGANO YEZOKUVAKASHA YESIGODI SASE-SEDIBENG

Lapho kukhishwa isaziso ngokuka-section 78(3)(a) we-Local Government: Municipal Systems Act, uMthetho 32 ka-2000 (njengoba wachibiyelwa) no-section 84(2)(a) woHulumeni beNdawo: I-Municipal Finance Management Act, uMthetho 56 ka-2003 (njengoba wachibiyelwa) ukuthi:

1. I-Sedibeng District Municipality ("SDM") inqume ukuhlola ithuba lokuhluzeka isevisi kamasipala, okungukuthi, ukukhuthaza ezokuvakasha zendawo, endaweni ye-SDM, ngokusetshenziswa kosizo lwangaphandle;
2. I-SDM kumelwe ikhiphe isaziso esiya emphakathini wendawo, ngenhloso yayo yokuhlola ithuba elinjalo nokuhlola izindlela ezihlukahlukene zokuhluzeka le sevisi okungakhethwa kuzo, kucatshangelwa imibono yomphakathi wendawo nezinye izici ezahlukahlukeni ezithintwe emthethweni wezwe;
3. I-SDM ingase inqume ukumisa noma ukubamba iqhaza enhlanganweni kamasipala futhi ngenxa yalokho, kumelwe, phakathi kokunye,
- 3.1 Ikhiphe obala isitatimende esiveza izinhlelo zikamasipala zehlangano kamasipala kanye nokuhlola ukumelwe kwenziwe ngumasipala ngokuka-section 84(1) we-MFMA;
- 3.2 Imeme umphakathi wendawo, abezemisebenzi ehlelekile, nabanye abantu abafunayo, ukuba bathumele kumasipala, lokho abangase bakuphawule noma abafuna ukukwethula mayelana nalolu daba.
4. Zonke izincwadi ezifanele zizodluliselwa emphakathini wendawo ngokuka-section 21 A we-Municipal Systems Act, ngokuba lokho kuboniswe emahhovisi ayinhloko kamasipala nasemahhovisini amancane nasemalayibhrari, ngokubonisa lezi zincwadi ku-website esemthethweni kamasipala nangokwazisa umphakathi wendawo, ngokuvumelana no-section 21 we-Municipal Systems Act, ngendawo, kuhlanganisa ne-address ye-website, lapho kungatholakala khona imininingwane ebanzi mayelana nalezi zincwadi. Ikhophi yesaziso izoshicilelwa nakuGazethi yeSifundazwe, emaphephandabeni endawo, nangokukukhipha emisakazweni yendawo yalo Masipala.
5. Noma yimuphi umuntu ongeke akwazi ukubhala, angase athinte abantu abashiwo lapha ngezansi, phakathi nesikhathi somsebenzi, ukuze athole usizo lokuhumusha lokho okushiwo yilowo muntu noma lokho akwethulayo (Section 21 (4) we-Municipal Systems Act).

- Bonke abantu abafunayo bamenywa ukuba bathole ukwaziswa okufanele nokuba bathumele lokho abakuphawulayo noma abafuna ukukwethula, lapha:

The Tourism Department

www.sedibeng.gov.za

René Pelsier (renep@sedibeng.gov.za) (016) 450 3327 noma

Jacqui Kitching (jacquik@sedibeng.gov.za) (016) 450 3317

Sedibeng District Municipality,

House and Home Building, 1st Floor, Merriman Avenue, Vereeniging

- Kuzodlula okungenani izinsuku ezingu-90 ngaphambi kokuba umkhandlu kamasipala uhlangane ukuze ucabangele futhi/noma ugunyaze ukumiswa okuhlongozwayo kwale nhlangano.

Municipal Manager: Yunus Chamda